

Izwi

Lenhlakanipho





Ngokuba isimo semzimba yethu iyasithikameza nemphfumulweni, uBaba wethu waseZulwini usinikeza imiyalelo enzelwe ukuba sithuthukise impilo yemizimba kanye nemiphfumulo yethu. Njengengxenywe Yokubuyiswa kwevangeli likaJesu Kristu, uNkulunkulu waveza kumProfethi uJoseph Smth ukuba singanakekela kanjani imizimba yethu ukuze uMoya weNkosi ube nathi. Lesambulo saziwa njengeZwi Lenhlakanipho. Ukulalela lomyalelo kuyisidingo sokubhabhadiswa kwiBandla likaJesu Kristu Labangwele bezinsuku-Zokugcina. Izibusiso eziphakeme ziyathenjiswa kulabo abakhombisa ukholo lwabo ngokulalela lomyalelo.

Liyini Izwi Lenhlakanipho?

iNkosi yaveza Izwi Lenhlakanipho kumProfethi uJoseph Smith. Kulesambulo siyaxwayiswa ukuba sigweme utshwala, ugwayi, kanye neziphuzo ezishisayo, ngisho ikhofi kanye netiye. Abaprofethi bakamuva bafundisa ukuthi kumele singasebenzisi izinto eziqulathe izidakamizwa ezingekho emphethweni noma eziyingozi

Ukuze usizakale ngokomphfumulo kanye nangomzimba, iNkosi icela wena ukuba ugweme:

- *Utshwala.*
- *Ugwayi.*
- *Ikhofi kanye netiye.*
- *Izidakamizwa ezingekho emphethweni.*
- *Nezinye izinto eziyingozi noma ezingayekeleki kalula.*

futhi ezingayekeleki kalula. Izwi Lenhlakanipho liphinde lisifundise ukuthi kumele sidle inyama kancane nokuthi kumele sidle izinkobe, izithelo, kanye nemifino.

Izibusiso Zezwi Lenhlakanipho

Ukugcina Izwi Lenhlakanipho kuzathuthukisa impilo yomzimba kanye nomphfumulo wakho. Noma-ke kunjalo uzakuhlangabezana nezivivinyo eziwayelekile zempilo, ukulalela lomyalelo kuzakusiza wena ube nomzimba kanye nomqondo ophilile.

Etestamenteni Elisha uMpostoli uPhawuli uqhathanisa umzimba njengethempeli: “Uyazi ukuthi wena uyithempeli likaNkulunkulu, futhi nokuthi uMoya kaNkulunkulu uhlala kuwe? Noma yimuphi umuntu ona ithempeli likaNkulunkulu, yena uzakushabalalisa uNkulunkulu; ngokuba ithempeli likaNkulunkulu lingcwele, lelo thempeli oyilona” (1 AbaseKhorinte 3:16–17).

Njengoba ugcina Izwi Lenhlakanipho, ingxenye yomphfumulo wakho, othambile, olalelayo uzakuzilungesela ukuthola ukuholwa okuvela kuNkulunkulu. Funda ukulalela imiyalo yangomoya kanye nemizwa. Uzakuxwayiswa ngezingozi futhi uholwe nguMoya oNgcwele. Inhlakanipho kanye nolwazi lwakho kuzakhula. Uzakuba nokuthula okukhulu engqondweni yakho, ukhule ngokuziphatha kwakho, futhi ube nokuzithemba mayelana nempilo kanye nempilo ezayo.





Izwi Lenhlakanipho

Lesambulo, esatholwa nguMprofethi uJoseph Smith ngo 1833, siyindlela evela kuBaba wethu waseZulwini kubantwana Bakhe namuhla. Okulandelayo izimo ezivela kulesambulo, ezingatholakala Kwimfundiso kanye Nezivumelwano, isigaba 89:

“Izwi Lenhlakanipho, ukuze kusizakale . . . ibandla, kanye nabangcwele eZayoni . . .

“Kunikezelwe ngomthetho onesithembiso, kwenzelwe ngobukhulu kulabo ababuthakathaka kanye nababuthakathaka ukwedlulela kubobonke abangcwele

“Qaphela, ngempela, yakhuluma iNkosi kuwe: Kwimphumela yokukhohlakala kanye nezakhiwo lezo ezikhona ezinhlizweni zabantu abasebenzisanayo ezinsukwini zokugcina, Mina . . . ngiyanixwayisa, ngokuninikeza lezwi lenhlakanipho ngokwesambulo—

“Nokuthi noma yimuphi umuntu ophuza iwayini noma isiphuzo esinamandla phakathi kwenu, qhaphela akulungile. . . .

Futhi, ugwayi akuwona owomzimba, futhi awuwona owesisu, futhi awulungile kumuntu. . . .

“Futhi, iziphuzo ezishisayo [itiye kanye nekhofi] akukona okomzimba noma isisu.

“ . . . Yonke imithi eminingi uNkulunkulu wayigcobela inhlango, indalo, kanye nokusetshenziswa umuntu

“Yebo, kanye nenyama yezilwane kanye nezinyoni ezindiza emoyeni, Mina, iNkosi, ngizigcobile ukuze zisetshenziswe ngumuntu ngokubonga; noma-ke kunjalo kumele zisetshenziswe ngendlela yokuwonga. . . .

“Izinkobe zonke zilungile njengokudla komuntu; kanye nesithelo sesithalo; leso esikhipha isithelo, noma ngaphansi kwesihlabathi noma ngaphezulu kwesihlabathi. . . .

“Bonke abangcwele abakhumbula ukugcina futhi benze lezisho . . . bazakuthola impilo enkabeni kanye nomphfumulo kumathambo abo.

“Futhi bazakuthola inhlakanipho kanye namagugu wolwazi, kanye namagugu afihlakele;

“Futhi bazakugijima futhi bangakhathali, futhi bazakuhamba futhi bangaquleki.

“Futhi Mina, iNkosi, nginikeza bona isithembiso, sokuthi ingelosi ebhuqayo izakubadlula, njengabantwana baka Israyeli, futhi ingababulali. Amen” (Imfundiso kanye Nezivumelwano 89:1, 3–5, 8–10, 12, 16, 18–21).





Ukuyekela Izinto Ezinobungozi

Uma usebenzisa ugwayi, utshwala, ikhofi, itiye, izidakamizwa ezingekho emthethweni, noma ezinye izinto ezinobungozi kanye nezinto ezingayekeleki kalula, yekela manje. Uzakubusiswa ngokuba nomzimba kanye nemphefumulo onempilo. Abanye abantu bakhulise umkhuba noma izinto ezingayekeleki kalula ezenza kube nzima ukuyekela ukuzisebenzisa. Uma kunzima ukuba uyekele lemikhuba yenza lezinto, cela kuNkulunkulu ngomkhuleko ukuba akusize ususe lemicabango enobungozi, izenzo, futhi nezilingo, ngezimfundiso ezigqugquzelisayo ezinempilo. Njengoba ugcwalisa impilo yakho ngalokho okulungile futhi okugqugquzelisayo, kuzakuba nesikhala esincane kulokho okunobungozi futhi okungalungile. Lemicabango elandelayo ingakusiza:

- Beka isinqumo sokuyekela. Khuleka futhi uzile ngethemba lokuthi iNkosi izakusiza ukuba unqobe umkhuba wakho.
- Funda imibhalo eNgcwele. Funda ngokukhumbula lemibhalo futhi uyiphinda phinde njalo. Izakuletha amandla wangomoya.
- Cela isibusiso sobupristi ukuba sikusize ungavumeli ukulingeka.

*Qhubeka uzame!
Njengoba usebenzisa
Ukuhlawulelwa empi-
lweni yakho, iNkosi
izakusiza, noma ngabe
inqubekela phambili
yakho ibukeka incane.*

- Susa izinto ezinobungozi, futhi ungathathi ezinye.
- Hlela izikhathi, izindawo, kanye nezimo lezo wena olingeka kuzona ukuphula Izwi Lenhlakanipho. Khuluma nabazali bakho, umlingani wakho, abafundisi bezenkolo, kanye nabanye abangani abathembekile ngokuthi ungagwema kanjani lezinto ezikuhlelo lwakho. Isibonelo, thola izinto ezintsha zokuqhuba isikhathi noma izinto eziyigugu kuwena lezo ongeke walingeka. Lalela umculo ogqugquzelisayo, sebenza ngokusiza abanye, funda incwadi ngezempilo, noma uzilolonge uma ulingeka.
- Zibandakanye nemisebenzi yeBandla. Uzakukhula usondele eNkosini futhi ube namandla aphakeme ukuba unqobe izifiso zakho zezinto ezinobungozi.
- Ngenela iqembu elilungile lokusizana noma uthole usizo lwengcwepheshi.
- Ungalokothi ukhohlwe ukuthi iNkosi izakusiza nje ngoba uthembele Kuye. Ukuyekela lezinto kungaba nzima kakhulu, futhi abanye abantu bangahle baphinde babuyele emikhubeni yabo yakudala ngaphambi kokuyekela unomphela. Qhubeka uzame, futhi ungapheli ithemba.

Ngokuzithoba kanye nokubaneqiniso kwakho kanye nokucela usizo kuNkulunkulu futhi nakwabanye, ungakwazi ukunqoba imikhuba yakho ngokuHlawulelwa kukaJesu Kristu.

Njengoba uphila Izwi Lenhlakanipho, izibusiso ezithenjiswa yiNkosi zizakuba ezakho.



ISIFUNDO ESINGEZIWEYO

Imibuzo elandelayo kanye nemibhalo yezenkolo ingakusiza ukwazi ukufunda kabanzi ngemithetho kulephamflethi futhi udlinze ngayo. Imibhalo engezansi futhi nemibhalo engcwele eqhathanisiwe izakukhombisa imigqa engeziwe kanye nezinto ezingasetshenziswa ngalemithetho.

Yingani kumele ngiqaphele ukuba yini engena emzimbeni wami?

Izaga 20:1 (iBhayibheli, Itestamente Elakudala)

1 AbaseKhorinte 3:16–17 (iBhayibheli, Itestamente Elisha)

1 AbaseKhorinte 6:19–20 (iBhayibheli, Itestamente Elisha)

Imfundiso kanye Nezivumelwano 89 (Abafundisi bezenkolo noma ilungu leBandla bangakusiza uthole incwadi yeMfundiso kanye Nezivumelwano. Ungaphinde uye ku www.mormon.org ukuze uyithole ku i-internet.)

“Izwi Lenhlakanipho,” *Iqiniso Okholweni* (Abafundisi bezenkolo noma ilungu leBandla bangakusiza uthole ikhophi yalencwadi. Ungaphinde uyithole ku i-internet e www.mormon.org.)

Yiziphi izibusiso zomoya kanye nezamanje ezingatholakala ngokulalela imiyalelo kaNkulunkulu ngempilo yami?

uDaniyeli 1:3–20 (iBhayibheli, Itestamente Elakudala)

iNkosi ingangiqinisa kanjani uma ngilingeka?

uMozaya 5:2 (iNcwadi kaMomoni, ikhasi 184)

uMozaya 7:33 (iNcwadi kaMomoni, amakhasi 190–191)

uAlma 13:27–29 (iNcwadi kaMomoni, amakhasi 293–294)

uEther 12:27 (iNcwadi kaMomoni, ikhasi 641)

Ngingenzani?



- Qhubeka ufunde iNcwadi kaMomoni.
Ukufunda okucatshangiwe: _____
- Phila Izwi Lenhlakanipho. Thandazela ukuthola usizo ukuze ugcine lomyalelo. Beka izinhloso zokuthuthukisa impilo yomzimba kanye nomphfumulo wakho ngokugwema izinto eziyingozi futhi ngokubeka inqondo yakho ekudleni okunempilo kanye nezinye izenzo ezinempilo.
- Iya esontweni kuleliSonto.
- Qhubeka ulungiselele ukubhabhadiswa.
Usuku lokubhabhadiswa: _____
- Vakashela e www.mormon.org ukuze ufunde kabanzi ngeBandla likaJesu Kristu labaNgcwele bezinsuku Zokugcina.
- Qhubeka uhlanganyele nabafundisi bezenkolo ukuze ufunde kabanzi ngokuthi imiyalelo kaNkulunkulu ingabusisa kanjani impilo yakho.

Isikhathi sokuhlangenyela esibikiwe ngokuzayo: _____

Amagama kanye nezinombolo zocingo zabafundisi bezenkolo:

IBANDLA LIKA
JESU KRISTU
LABANGCWELE
BEZINSUKU ZOKUGCINA

www.mormon.org

Isithombe Esinconywe

Isamukelo, ikhasi 5, 6, 9, 11, 14 ngu Criag Diamond
Ikhasi 2, imininingwane evela kwi *Brother Joseph*, ngu David Lindsley. © David Lindsley

© 2012 by Intellectual Reserve, Inc. All rights reserved. Printed in the USA. English approval: 11/05.
Ukuhumusha okuvunyelwe: 11/05. Ukuhumushwa kwe *The Word of Wisdom*. isiZulu. 01201 783

ZULU



4 0201201783 8

01201 783